



## agriculture & rural development

Department:  
agriculture  
& rural development

**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**

KZN Department of Agriculture & Rural Development

Private Bag X9059, Pietermaritzburg, 3200

Enquiries: Nalini Dickson

Tel: 033-3559300 or 0832340475

Fax: 033-343 8255

Toll-Free: 0800 000 996

Email: Nalini.Dickson@kzndard.gov.za

### **INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATALI, UMHLONISHWA UTHEMBA MTHEMBU, AZOYETHULA EMCIMBINI WOKWETHULWA KWAMA-PROJEKTHI EZINQOLENI**

**THURSDAY, 14 JULY 2016**

**VENUE: EZINQOLENI, UGU DISTRICT**

Mphathi woHlelo

IMeya yesiFunda Ugu, Ukhansela N. Gumede

IMeya yaseZinqoleni, MA Mpisi

Onke amakhansela akhona

Abasebenzi behhovisi loMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali abanqobe indondo kuma-Premier's Service Excellence Award, abaholwa yimenenja uMnuz Njabulo Ntshangase

Amalungu eWosiyane Riverside Cluster ne-Horse Shoe Irrigation Scheme

Abaholi bomphakathi

Abalimi

Bafowethu nodadewethu

Ngilapha namuhla ukuzokwethula imisebenzi yezolimo yemali engu-R3 million okuzohlomula kuyo umphakathi walapha eZinqoleni. Le misebenzi ibingeke ibe yimpumelelo ngaphandle komsebenzi owenziwe yithimba lehhovisi lezolimo lalapha kule ndawo elinqobe indondo kuma-Premier's Service Awards ngenxa yokusebenza ngokubambisana nomphakathi.

Bafowethu noDadewethu, leli thimba linqobe indondo yegolide ngesikhathi kunomcimbi wokuklomela iminyango eyenze kahle esifundazweni okuwumcimbi ohlelwa yihhovisi likaNdunankulu wesifundazwe, ubaba uWillies Mchunu. Bathathe indondo emkhakheni we-Best Batho Pele Team of the year. Ukunikhumbuza nje, iBatho Pele wuhlelo lokuhlinzeka ngezidingo zemiphakathi olwasungulwa nguHulumeni ukuqinisekisa ukuthi izidingo zomphakathi zihanjiswa ngezinga eliphezulu. Umbono weBatho Pele yilowo oqhakambisa impilo engcono ezakhamizini zezeze ngokuba kubekwe phambili abantu.

Siyahalalisa kumphathi wehhovisi lezolimo lalapha, uMnuz Njabulo Ntshangase, nabasebenzi ngokuzimisela abakukhombisile ukusiza abantu balapha eZinqoleni. Ukubonga kwami ngikubhekisa kini nonke ngokusebenza ngokuzikhanda nokuzimisela ekuphakamiseni igama loMnyango kule ndawo. Njalo ekuqaleni konyaka, uMengameli wethula inkulomo ebaluleke kakhulu asuke eyibhekise esizweni. Kule nkulomo uMengameli usegcizelele kwaze kwaba yiminyaka emibili ilandelana ukuthi ezolimo ziwumgogodla ekukhulusweni komnotho. Lokho kusho ukuthi maningi ngempela amathuba okuthuthuka komnotho lapha eZinqoleni njengalokhu kuyindawo ezungezwe yizindawo zokulima.

Kuthatha izandla ezimbili ukuze kukhale ihlombe. Lokhu-ke kusho ukuthi njengoba ihhovisi lalapha endaweni yakini linqobile nje emiklomelweni, kuyacaca ukuthi belibambisene nani ningumphakathi. Ekuseni namuhla ngihamble imisebenzi eqhubekayo lapho ngizibonele mina mathupha umsebenzi owenziwa nguMnyango nalabo abayisebenzayo futhi kunokubambisana okuhle.

Basembhidlangweni wokwakhela inzupo umphakathi nokusungula amathuba emisebenzi. Khona akukaze kube lula ngenxa yesomiso esidlangle. Lokhu-ke kusho ukuthi imisebenzi ebibhekiwe ayikaze ikhule ngendlela ebilindelekile, kodwa noma kunjalo akekho obedikibala. Ithimba laseZinqoleni, abasebenzi boMnyango, uMasipala bonke bazimisele ukuguqula impilo yabantu ibe ngcono. Yingakho nje namhlanje ngijabulile ukwethula uhlelo Iwenkasa iHorse Shoe neWosiyane Riverside Cluster. Lezi yizibonelo ezinhle zokusebenzisana kukaHulumeni nemiphakathi, ukusebenza kanzima nokuba nelukuluku lokuphumelela.

I-Horse Shoe Irrigation Scheme isihlomulile eMnyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ngokufakelwa inkasa ehamba umhlabo oyibanga elingamahektha angu-30 kuhlanganisa nokubiyelwa kwendawo engamahektha angu-16.

Kulo nyaka, uMnyango ulekelele iHorse Shoe ngezinto zokukhiqiza. Lokhu-ke kuhlanganisa imbewu yeklabishi engu-175 000. Imbewu katamatisi engu-72 000, eka-anyanisi engu-100 000, isaka lembewu yesipinashi elingu-15 kg nesaka lembewu yama-butternut elingu-15 kg. Ngaphezu kwalokhu, kuzolethwa izihlahla zokutshala itiye ezingu-400 000 ngoSepthemba.

Njengamanje abalimi bamatasatasa balungisa umhlabo okuzosetshenzwa kuwo, nakuba-ke phela kusenenkinga yesomiso, kodwa bayaqhubeka nokusebenza. Ikhona futhi inselele kagesi njengoba kubambezelekile ukukhokhela umasipala. Ngingamqinisekisa nje uMeya uMpisi ukuthi simataso siyakulungisa lokhu.

Abalimi bazokwenza inzupo ngokuthengisa izitshalo futhi asenziwe amalungiselelo okuba zidayiswe ezitolo eShelley Beach bese kuthi okuyosala lapho kuyobe sekudliwa emakhaya.

Ngithokoze kakhulu ngokutshalwa kwezihlahla zetiye ngoba zizothengiswa ngabe Oribi Oils bese zihanjiswa ezimakethe zakuleli nezangaphandle.

Amafutha atholakala ezihlahleni zetiye assetshenziswa emikhiqizweni yokugcoba izinwele, ubuso nemikhiqizo yokugcoba umzimba kuhlanganisa imithi yokuxubha, amakha nezfutho zokunukisa umoya kamnandi ikakhulukazi ezindlini ezincane. Lama futha abuye assetshenziswe ekwenziweni kwemikhiqizo yokwelapha imibandama nezinkinga zesikhumba. Ucwanningo olwensiwe luveza ukuthi isihlahla setiye singakhipha umkhiqizo kuze kuphele iminyaka engu-40.

Lesi sitshalo sinamandla okumelana nesomiso futhi izinkomo nezingulube akulokothi kusithinte. Inkulu imakethe yamafutha esihlahla setiye ngaphakathi ezweni nangaphandle. Engicela ukuthi nikwenze ukuba nisebenze ngokuzimisela futhi nitshale lesi sihlahla lapha eZinqoleni ngaleylo ndlela nenze isihlahla setiye sinisebenzele ngoba sinamathuba amahle ezomnotho. Singanenzela inzuko enkulu futhi sisungule amathuba emisebenzi.

UMnyango uzbophezele ukuthi kukhuliswe izinga lomkhiqizo ngaphansi kwe-Horse Shoe Irrigation Scheme ngokuthi kusizwe ngokuhlinzeka ngezinsiza zokulima nogandaganda. Sizobuye sizibandakanye nokuhlinzeka abalimi bendawo ngokuthuthukiswa kwamakhono noqequesho ukuze babe ngongoti ekukhiqizweni kwezitshalo. Ngonyaka owedlule uMnyango uzbophezele ngokukhipha imali engu-R1.1 million kulo msebenzi. Nonyaka sihlinzeke lo msebenzi ngo-R1.5 million ukuze sithuthukise leli bhizinisi lezolimo.

Namuhla sethula futhi iWosiyane Riverside Cluster enamalungu angu-65 athola inzuko. UMnyango uhlizzeke lo msebenzi ngo-R1, 9 million.

IWosiyane Riverside Cluster idonsa ibanga elingamahektha angu-128 futhi isetshenzwa yimifelandawonye emibili. UMnyango uncede ngocingo, ogandaganda nezinsiza kulima kuLanganisa omanyolo nembewu kabhontshisi owomileyo. Ubhontshisi usuvuniwe futhi uyalungiswa sikhuluma nje ukuze ubheke ezimakethe. Uzothengiswa maduze nje bese umphakathi uzenzela inzuko futhi ke kuthuthuke nempilo yabantu. Inhoso yalo msebenzi ukuxosha indlala, ukusiza ngokudla okunomsoco nokwakha amathuba emisebenzi.

UMnyango uzosiza futhi ngokuequesha amalungu emifelandawonye kwezokuphatha ngokuphusile nokuthuthukisa amakhono emkhiqizweni wezitshalo. Siyabonga ethimbeni lakwaWosiyane ngokuzimisela kulo msebenzi.

Sengiphetha, ngidlulisa ukuhalalisa kubo bonke labo ababambe iqhaza ekuthuthukisweni kwendawo yaseZinqoleni. Imisebenzi eyethulwe namuhla ikhombisa ngokusobala lokho okungazuzwa ukubambisana phakathi kukaHulumeni nemiphakathi. SiwuHulumeni sizimisele ukwakha impilo engcono kubantu bakithi nokufukula abampofu. Ezolimo ziyithuluzi elisemqoka elingasisiza ukuba senze izimpilo zabantu bakithi zibe ngcono. Umlayezo wami uthi singalinge siphose ithawula, kunalokho kufanele sisebenzisane ukuze sikhulise ezolimo futhi sisungule amathuba emisebenzi kule ndawo. Ngokusebenza ngokubambisana singenza okuningi. Impumelelo ehlala njalo ekulweni nendlala nobubha isho ukuthi kufanele sakhe amathuba emisebenzi angcono futhi kuqinisekiswe ukuthi abantu bayakwazi ukuziphilisa ngaso sonke isikhathi. Akumele kube khona olambayo.

Ngithanda ukuphinde ngibonge futhi ethimbeni loMnyango elinqobe indondo ngokuqhubezela phambili umoya we-Batho Pele futhi likhombisile ukuthi uHulumeni we-ANC uyanakekela futhi uzimisele ukuphucula izimpilo zabantu. Sinifisela inhlanhla njengalokhu seniyoghudelana kuzwelonke emncintiswaneni we-National Service Excellent Awards. Nikhombise izwe lonke umsebenzi omuhle owenziwa esiFundazweni sakithi iKwaZulu-Natali, Iowo owukwakha ikusasa eliqhakazile kubantu bakithi.

Ngiyabonga